# Hillcrest High School

Umnyango wesiZULU

**IBANGA LESI-11**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**NOVEMBA 2022**

**AMAMAKI: 60**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (20) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Umbhalo obukwayo | (10) |
| | Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi | (20) |

2. Phendula YONKE imibuzo.
3. Qala ISIQEPHU ngasinye ekhasini ELISHA.
4. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.
5. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho
6. Uyayalwa ukuba ubhale ngesandla esifundekayo nesibonakalayo.
7. Ungasebenzisa isikhathi ngale ndlela elandelayo:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A : | Imizuzu engama -50 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-30 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-40 |

## ISIQEPHU A: ISIFUNDO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

1.1 Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo.

### UMBHALO A: OFUNDWAYO

**Ezokuvakasha Eningizimu Afrika**

1 INingizimu Afrika ingelinye lamazwe ayintandokazi emhlabeni jikelele. Leli zwe **laliconsi phansi** kakhulukazi ezivakashini eziqhamuka emazweni ahlukahlukene. Phela lelizwe kumele linyuse kakhulu izinga lezokuvakasha lihambisane ne-*Proudly South African Campaign*. Inyanga kaNhlaba yaziwa kakhulu njengenyanga yezokuvakasha. Isiqubulo senhlangano Satour esithi "Ezokuvakasha zingumsebenzi wethu sonke" sigqugquzela ukubaluleka kokuthi sonke sidlale indima ekuthuthukiseni izinga lezwe lethu ukuze siligcine liyintandokazi kwamanye amazwe. Lesi siqubulo **besingundaba mlonyeni** ngesikhathi kugutshwa usuku lezokuvakasha "*World Tourism Day*" mhla zi-6 Nhlaba 2020 esifundazweni sase- North West endaweni ekuthiwa iPilanesberg bude buduze ne Sun City.

2 Indawo yase Pilanesberg ingasemahlathini amahle adonsa amehlo ezivakashi. Umgubho we World Tourism Day uhehe iningi lezivakashi ezivela emazweni ahlukene zibabaza ubuhle bemvelo nesandla soMdali ekubumbeni izwe elihle kangaka.UNdunankulu wase North West uMnu. Bushy Maapee enkulumeni yakhe evula umgubho we- World Tourism Day uthe " Asingalindi izivakashi zakwamanye amazwe zincome ubuhle bendawo yakithi sibe singabuboni thina zakhamuzi." Uphinde wagqugquzela intsha ukuthi kumele ifundele imikhakha yezokuvakasha izothuthukisa lelizwe, ibe osomabhizinisi ukuze kuvaleke igebe lokuntuleka kwamathuba emsebenzi kubantu abasha.

3 Ungqongqoshe wezokuvakasha namahlathi esifundazweni sase North West uNksz. Kenetswe Mosegi uthi ezinyageni ezine zokuqala konyaka.
Inani lezivakashi ezivela emazweni ahlukene lenyuke ngamapesenti angama-15 kuqhathaniswa nonyaka odlule lokhu kukhombisa ukuba nanxa saba nezinkinga ezifana nokutashwa, udlame kwabokufika kanye nezikhukhula azilehlisanga izinga lezivakashi kodwa kunalokho likhuphuke ngendlela emangalisayo. Kule zibalo amazwe amathathu ahamba phambili ngokuvakashela iNingizimu Afrika. La mazwe i-Ngilandi enamaphesenti angama-40 ezivakashi, kulandelele izwe lase Jalimane kanye China. Lokhu kuveza ngokusobala ukuthi izwe laseNingizimu Afrika liyikhaya lezivakashi.

4 Ngokombiko we Satour izifundazwe eziyintandokazi kwezokuvakasha, isifundazwe sakwa Zulu- Natal okubalwa kuso ulwandle olupholile nezidlo zakhona ezimele izinhlanga ezehlukene. Kulandela isifundazwe sase-Western Cape esaziwa ngobuhle bezintaba kanye nezimpophoma ezigeleza ubusika nehlobo.Kubalwa nesiqingi sase Robben Island esaziwa kakhulu ngejele laso okwakuboshwe khona isishoshovu esasilwa nobandlululo uDkt Nelson Rholihlahla Mandela. Isifundazwe esibalwa kwezihamba phambili yiyo iMpumalanga. Lesi sifundazwe sine ndawo enhle ebonakalisa amandla oMdali eyaziwa ngokuthi i-Gods Window lapho kunentaba enkulukazi eyakheke njengendlu yesintu lentaba ibizwa ngokuthi i-Drie Rondavels, Indawo yase Gods Window inobuhle bezimpophoma, izinhlobonhlobo zezimbali zasendle kanye nesiqiwi esikhulu eNingizimu Afrika ekuthiwa i- Kruger National Park.

5 Izivakashi uma zivakashele lesi siqiwi zithathwa izimoto zizulazule zibona izinhlobo ezahlukene zezilwane okubalwa kuzo Izindlovu, Izindlulamithi, Amabhubesi cishe zonke izilwane ezibizwa ngokuthi i-Big Five. Uma uvakashele lesi siqiwi uthathwa uyokhonjiswa indawo lapho kwaphelela khona uMengameli waseMozambique wabulawa ngokudutshulwa uHulumeni wobandlululo uMnu Samora Mashele. Nakuba izivakashe zikujabulela ukuvakasha eNingizimu Afrika kuningi ezikufundayo ngobuhlungu bomlando wale lizwe. Uhulumeni wase Ningizimu Afrika ugqugquzela kakhulu zonke izifundazweukuthi zinyuse izinga lezivakashi ngokukhangisa ngobuhle baleli zwe.

6 Umnyango wezokuvakasha iwona ongenisa imali eningi kule lizwe. Ukuze uhulumeni akwazi ukwakha ingqalasizinda kanye nokuvula amathuba omsebenzi udinga abatshali zimali abavela emazweni ahlukene ezokuvakasha isona sixazululo **sokuxosha ikati eziko.**

Ichashunwe Skyways 2022 yahunyushwa

1.1.1 Yiliphi izwe elithandwa kakhulu emhlabeni jikelele? (1)

1.1.2 Shono ukuthi i-Sun City itholakala kusiphi isifundazwe? (1)

1.1.3 Bhala imbangele yokuthi kusungulwe isiqubulo se-Proudly South African. (2)

1.1.4 Iyiphi inyanga eyaziwa njengezokuvakasha eNingizimu Afrika? (2)

1.1.5 Ngokwalesi siqephu, bhala izifundazwe EZIMBILI eziyintandokazi kwezokuvasha Eningizimu Afrika. (2)

1.1.6 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe..

Leli zwe aliconsi phansi kwamanye amazwe kusho...

A. Alithandwa amanye amzwe

B. Lithandwa amazwe amaningi

C. Izwe eliphansi ngokwezinga.

D. Izwe elinezinkinga eziningi. (2)

1.1.7 Tomula umusho esigabeni-3 ositshela ukuthi iNingizimu Afrika indawo lapho kuhlala noma ubani ovela kwamanye amazwe. (2)

1.1.8 Isifundazwe sase Western Cape sinamuphi umlando kwezepolitiki eNingizimu Afrika. (2)

1.1.9 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo ezibhalwe ngokugqamile kule misho ecashwe endabeni.

(a) Isiqubulo **besingundaba mlonyeni.** (2)

(b) Isona sixazululo **sokuxosha ikati eziko.** (2)

1.1.10 Ngokucabanga kwakho kungani uHulumeni egqugquzela ezokuvakasha? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: **20**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Funda le ndaba elandelayo bese ubhala NGEZINDLELA ZOKUSEBENZISA IMALI NGENDLELA ENOBUHLAKANI.

### IMIYALELO

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele.
2. Inani lamagama malingeqi/lingedluli kwangama-50.
3. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweyesi-7.
4. Bhala iphuzu/umusho emgqeni omusha.
5. Ekugcineni bhala inani lamagama owasebenzisile.

### UBHALO B: OFUNDWAYO

**SEBENZISA IMALI NGENDLELA ENOBUHLAKANI.**

Kwabanye abantu izinkinga zezimali ziza ngezindlela ezahlukene zokungakwazi ukusebenzisa imali kahle. Kulesi siqeshana sizokwazi ngokubaluleka kokusebenzisa imali ngobuhlakani.

Yenza ibhajethi ngaphambi kokuyisebenzisa imali ngoba uma wenze lokhu kuzokubeka ethubeni elingcono lokwazi ukuthi imali isebenze kanjani.

Kubalulekile ukucabanga ukonga kanye nenzuzi ngaphambi kokuqala uthenge noma yini. Vakashela ezitolo ezehlukene ubheke indali ngaphambi kokuthatha isinqumo sokuthenga, lokhu kungakongela enkulu imali.

Sebenzisa imali esekhadini-mboleko kunokwenza isikweletu, imali esekhadini mboleko uyikhokhele njalo ngenyanga lokhu kuzokusiza ukuthi kungafakwa inzalo enkulu engenasidingo ukwenza izikweletu eziningi kungehlisa ukwethembeka kwakho kubabolekisi zimali.

Ungayisebenzisi imali ngenhloso yokuzama ukuzibonakalisa ebantwini ukuthi unemali eningi ngoba lokhu kungakudalela ingcindezi yokusebenzisa imali kungenasidingo.Esikhathini esiningi abantu basebenzisa imali benzela ukubukwa abanye abantu, izinkundla zokuxhumana zidala ingcindezi abantu bagcine bethathe izinqumo ezingaphusile zokusebenzisa imali.

Ukudla emaresturanti njalo nokukhithiza izimpahla ongazidingi kungenye yezindlela zokumosha imali. Gwema ukusebenzisa imali ngezinto ongazidingi ezingenamsebenzi.

Funda ukuyigcina imali nokuyisebenzisa ukuze ukwazi ukuthatha izinqumo ezizokulekelela ukuyikhulisa imali yakho. Ukuthenga imizi kanye nokuthenga amasheya ezinkampanini ezehlukene kungakunika inzuzo eningi nokukhulisa inzalo mali yakho

Yenza utshalo mali kuseyisikhathi ukuqala wonge imale usemncane kungaba nomthelelela omuhle empilweni yakho. Ikusasa lakho lingaqhakaza, nawe ubalwe kanye nezinjinga ezingomacaphuna kusale emhlabeni jikekele. Impilo ingashitsha ngokuqinisekisa ukuthi imali uyisebenzisa ngendlela enobuhlakani.

[Umbhalo wokuziqambela]

**AMAMAKI ESIQEPHU B:10**

**ISIQEPHU C: UKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**UMBUZO 3**

Buka lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO C: OFUNDWAYO NOBUKWAYO**

# AMABHODWE AKWAPHEKASIDLE

# PHEKA WONGE! WONGISISE!!!



1. Lamabhodwe ungawasebenzisa ubusuku nemini.
2. Zitholele amabhodwe apheka ukudla ngokuphazima kweso.
3. Akagugi futhi akephuki noma ungaligaklaza nje livele likubuke.
4. Izinkobe eziphekwe ngawo zivuthwa zithi Tubu! Nongenamazinyo uzidla zehle esphundu
5. Zitholele awakho ngemali ephansi.
6. Ungawakhokhela izinyanga ezingama-36 ngaphandle kwenzalo.

## UMA UFUNA AWAKHO

Sebenzisa lezi zinhlobo zokuxhumana ukuze sikudilivele mahhala.

@mabhodwepheka mabhodwe.phek@gmail.com 0861 21008842

Imithetho nemibandela: Asidilivi ezindaweni ezingaphandle kweTheku.

[umbhalo wokuziqambela]

3.1 Lesi sikhangiso sibhekiswe kubantu abanjani. (1)

3.2 Tomula umusho ongalona iqiniso kulesi sikhangiso esingenhla. (1)

3.3 Bhala igama elikubakaki ngokuphelele.

Ungawakhokhela izinyanga (ezingama-36) (1)

3.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo..
Umusho oyinombolo yesi-3 uqukethe luphi uhlobo lwesifenqo

A. Ihaba
B. Isenzasamuntu
C. Isihlonipho
D. Isifaniso (1)

3.5 Yiziphi izindlela EZIMBILI ongaxhumana ngazo nale nkampani. (2)

3.6 Ngokucabanga kwakho ukuba khona kwezithombe kulesi sikhangiso kumlekelela kanjani umthengi. (2)

3.7 Kubaluleke ngani ukufunda imibandela ngaphampi kokuba uthenge lamabhodwe. (2)

**[10]**

**UMBUZO 4**

Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo.

**UMBHALO D: OFUNDWAYO**

Indlela okubukwa ngayo ukuhanjiswa kwabantu abadala ukuba bayohlala ezindaweni zezaguga iyinto engajwayelekile kithina ndlu emnyama. **Lesi** senzo asiyona inkinga kwezinye izinhlanga. Kubelungu kuwumkhuba omuhle nje nothakaselwayo ukuba izaguga ziyohlala ndawonye ngoba zithola ukuxoxa ngokukhululeka nabantu abalingana nazo.
Lezi zindawo ziyanakekelwa. Izaguga zinakekelwa ngokudla ezikudlayo kanye namaphilisi eziwaphuzayo ezifo eziphathelene nokuguga. Eqinisweni abantu abamnyama abayingeni eyokuhambisa abantu abadala kulezi zindawo. Bazitshela ukuthi usuke usumlahla umzali wakho, kanti lutho olubaziwe.
Eminye imindeni ayikwazi ukuhambisa izaguga ngoba imali kapoyinandi yiyona esuke ixosha ikati eziko.
Ukuhamba komuntu omdala kusho ukulahleka kwe**sinkwa** ebesitholakala ekhaya. Akukuhle ukubona abantu abasha bethanda izaguga ngoba befuna imali yazo.
Bazinakekela uma sekusondela usuku lokuyohola **impesheni** ukuze kubukeke engathi bayazithanda. Bayakhohlwa ukuthi ukwenza kuya emuva kuye phambili. **Impilo yesimanje iyashesha**. Ifuna wonke umuntu ukuba avuke azenzele. Uma abantu bebona ukuthi bangahluleka ukuhlala nomuntu omdala, ikhona indawo lapho engaphila kangcono khona. Ngakhoke kubalulekile ukuthi sibathande singathande nje imali yabo.

4.1.1 Bhala ibizo 'indlela' libe likhombe ubunye ubuningi bese ulisebenzisa emmshweni ozozakhela wona. (2)

4.1.2 Nikeza uhlobo lesabizwana esibhalwe ngokugqamile emshweni ongezansi.
**Lesi** senzo asiyona inkinga kwezinye izinhlanga (2)

4.1.3 Bhala umqondo oqukethwe isakhi esidwetshelwe emshweni olandelayo.
Lezi zindawo zi<u>ya</u>nakekelwa. (2)


4.1.4 Amagama abhalwe ngokugqamile aluhlobo luni lwesichasiso. (2)
Eqinisweni abantu **abamnyama** abayingeni eyokuhambisa abantu **abadala** kulezi zindawo.

4.1.5 Phinda ubhale lo musho obhalwe ngokugqamile ukhombe ukuphika/ ukulandula.
**Impilo yesimanje iyashesha.** (2)

4.1.6 Lungisa umusho olandelayo ukuze ufundeke kahle. (2)
Ngakhoke kubalulekile ukuthi sibathande singathande nje imali yabo.

**4.2 : UMBHALO OKUKWAYO**
**BUKISISA LE-KHATHUNI ELANDELAYO BESE UPHENDULA IMIBUZO**

*(Indawo yase-Brook isifanele ukuvotela ikhansela elisha elizophatha iminyaka emi-5 ezayo. U-Maggie Val beno-Piet Raw bazokhankasa (campaign) ukuze abantu baphume ngobuningi ukuyobavotela).*




4.2.1 Tomula igama eliqukethe umuzwa wokucasuka kule khathuni. (1)

4.2.2 Bhala igama eliyibizomfakela kulo musho olandelayo (2)
Sidinga ikhansela lesifazane manje.

4.2.3 Isakhi esidwetshelwe emshweni olandelayo siveza muphi umqondo wesenzo.
Ngicela ningivot<u>ela</u> ukuze intuthuko niyibone ngamehlo. (2)

4.2.4 Phinde ubhale umusho ongezansi uveze inkathi eyofika.
Ngizonakela izindlu kanye nemitholampilo. (2)

4.2.5 Bhala uhlobo lomusho ongezansi.
Ngivoteleni ukuze ngiqhubeke ukunakhela izindlu. (1)
**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**
**AMAMAKI ESEWONKE: 60**